Ngiyibhalisela kanjani intela

Unezindlela eziyisithupha ongakhetha ukubhalisela ngazo intela:

1. Ukubhalisa okuzenzekelelayo mawubhalisela iNtela Yengeniso Lomuntu

Lapho ubhalisa ku-eFiling okokuqala futhi ungenayo inombolonkomba yentela, u-SARS uzokubhalisa wona ngokuzenzekelayo bese ukukhiphela inombolonkomba yentela. Kumele ube noMazisi waseNingizimu Afrika osemthethweni ukuze ubhalise ku-eFiling.

Indlela yokubhalisa ku-eFiling:

1. Cofa ku-Register
2. Landela imiyalelo

Ungayibhalisela i-SARS eFiling naku-SARS MobiApp bese ulandela izinyathelo ezifanayo.

Uma udinga usizo ngokubhalisa ku-eFiling, bukela ividiyo efundisayo emgudwini we-SARS YouTube channel ngokucofa emfanekisweni ongezansi.



2. Bhalisa ku-SARS Online Query System (SOQS)

Ungabhalisela iNtela Yengeniso Lomuntu ngokugcwalisa isicelo sokubhalisa ku-SARS Online Query System (SOQS).

3. Bhalisa usebenzisa usizo lwe-SARS USSD

Umgudu we-SARS USSD wenza abasebenzisi bakwazi ukuthola usizo kwa-SARS ngokushaya ikhodi yosizo. Ngokushaya lezi zinombolo *134*7277#, abasebenzisi banikwa uhlu lwezinto abangakhetha kuzo, kubalwa nokubhalisela iNtela Yengeniso Lomuntu i-Personal Income Tax (PIT). Ngolwazi olwengeziwe vakashela i-SARS Mobile Tax Services.

4. Bhalisa usebezisa u-WhatsApp

Ukuze uqale ingxoxo, abakhokhintela kumele babhale umbhalo wokubingelela njengokuthi, “Hi noma Hello”. U-SARS uzophendula ngencazelo yosizo abangakunika lona, kufaka phakathi nokubhalisela iNtela Yengeniso Lomuntu (i-PIT) kanye nemenyu yokucela usizo.

Ukukhuluma no-SARS ngo-WhatsApp:

- Kuselula sakho: gcina inombolo kaSARS WhatsApp , 0800 11 7277, ohlwini lwabantu oxhumana nabo;
- Ku-desktop: Cofa lapha ukuqalisa iveshini kaSARS WhatsApp ku-desktop bese ulandela imiyalelo.

Ngolwazi olwengeziwe vakashela-SARS Mobile Tax Services.

5. Bhalisa ngomqashi wakho ku-SARS eFiling

Cela umqashi wakho akubhalise kwa-SARS. I-eFiling ivumela abaqashi babhalisele izisebenzi zabo iNtela Yengeniso kwa-SARS. Bheka Isiqondiso Ngosizo ngemibuzo Ngenombolonkomba Yentela (TRN) ku-eFiling.

6. Bhalisa egatsheni lakwa-SARS

Ungavakashela igatsha lakwa-SARS, lapho umxhumanisi ezokusiza ubhalisele intela. Cofa lapha ukuthola igatsha lakwa-SARS eliseduze nawe.

Qaphela: Lapho uvakashela igatsha, khumbula ukuphatha amadokhumenti asekelayo.

Awuqinisekanga noma ubhalisile yini?

Ukuthola ukuthi uyibhalisele yini iNtela Yengeniso, buza Umqashi wakho, sebenzisa i-SARS Online Query System (khetha “What’s my tax number?” njengohlobo lombuzo wakho), sebenzisa usizo lwe-SARS WhatsApp noma ushayele i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.

Okumele ukwazi: U-SARS angeke unike omunye umuntu inombolo yakho yentela, ngaphandle uma lowo muntu eyisisebenzi sentela noma onegunyakumela i-Power of Attorney (i-POA) ukubhekana nezindaba zakho zentela.

Cela iSaziso Sokubhalisa (i-IT150)

Isaziso Sokubhalisa (i-IT150) sizokhombisa inombolonkomba yakho yentela. Ungacela isaziso sokubhalisa ngokusebenzisa lezi zinketho:

- **Thumela umbuzo. Imininingwane yakho kumele ihambisane namarekhodi ethu.**
- Thumela u-SARS u-WhatsApp ucele Inombolonkomba yakho Yentela. Ukuze uqale ingxoxo, abakhokhintela kumele babhale umbhalo wokubingelela njengokuthi, “Hi noma Hello” bathumele 0800 11 7277. U-SARS uzophendula ngencazelo yosizo abangakunika lona kanye nemenyu. Ngolwazi olwengeziwe, bheka imininingwane lapha.
- **Thumelela u-SARS i-SMS ku-47277 kuselula sakho. Bhala igama elithi-TRN ushiye isikhala bese ubhala inombolo yakho ye-ID/passport number/asylum-seeker number.**
- Cela isaziso sakho sokubhalisa ngosizo lwe-SARS USSD ngokushaya le nombolo *134*7277# bese ukhetha umbhalo othi “What’s my Tax number?”. U-

SARS uzokuthumelela inombolo yakho yentela enombolweni yeselula sakho bese bekuthumelela isaziso sokubhalisa ekhelini le-imeyili yakho ngokwamarekhodi ethu.

- Cela isaziso sakho sokubhalisa ku-SARS MobiApp uma uyi-eFiler ebhalisile.
- Sebenzisa i-eFiling ukucela i-IT150 ngokukhetha kumenyu “SARS Registered Details”.
- Buza uLwazi ChatBot otholakala ku-eFiling noma ku-SARS MobiApp.
    - Cofa ikinobho le-Chatbot bese ubhala igama elithi “Hello”
    - Bhala “Menu”
    - I-Chatbot izokunika lolu sizo lweNtela Yengeniso Lomuntu:
        1. Cela Inombolonkomba Yentela
        2. Cela Isitatimende se-Akhawunti
        3. Cela Isimo Semali Ebuyayo
        4. Cela Isimo Socwaningomabhuku
        5. Cela Isaziso Sokuhlola
        6. Cela u-SARS Akufonele
    - Thinta inketho 1 kumenyu noma uphendule ngokubhala "1"
    - ULwazi uzobe eseqinisekisa ulwazi lwakho ngokukucela lokhu:
        1. Inombolo kamazisi/yephasiphothi yakho
        2. Inombolo yeselula noma i-imeyili
    - Uma u-SARS eseyiqinisekisile imininingwane yakho, uLwazi uzoqinisekisa ukuthi iSaziso sakho sokuBhalisa (i-IT150) sesikhona futhi sizothunyelwa kuwe nge-imeyili.
- Vakashela igatsha lakwa-SARS. Khumbula ukubeka usuku ngaphambi kokuvakashela igatsha.

Kusukela kuNtulikazi 2022, u-SARS ubhalisa ngokuzenzekelayo abantu abathile ebabhalisela intela ngolwazi abaluthola kubantu besithathu. Abantu ababhalise ngokuzenzekelayo bazothola i-SMS kanye nencwadi kuvela kwa-SARS kubazisa ngokubhalisa kwabo. Incwadi iphinde icacise indlela yokuthols usizo lwaka-SARS iphinde inikeze uhlu lwamalungelo nezibophezelo zabo.